KNOW THE GLOW®

I-Leukocoria ("The Glow") yisimo esingajwayelekile seso elibomvu, phecelezi i-red eye reflex, esivame ukuba khona ezifweni zasebuntwaneni ezimbalwa ezihlukumezayo zeso, futhi iyimbangela ehamba phambili, kodwa engavimbeka, yobumpumputhebezingane.

Ngenhlanhla, i "The Glow" iyabonakala ngokuthatha isithombe nge-flash, okungenza ukuthi abazali emhlabeni jikelele basheshe bayofuna ukuxilonga nokwelapha sisesemabangeni okuqala lesisifo esicathamela ukubona kwengane kanye nempilo yayo.

Injongo

Injongo yethu ukubuqeda nya emhlabeni jikelele ubumpumputhe bezingane, obungagwemeka.

Inhloso

Inhloso yethu ukuqwashisa umphakathi jikelele kanye nabasebenzi bezokwelapha ngendlela yokubona i "the Glow" nokugqugquzela umkhankaso wokuvimbela ubumpumputhe bezingane:

AMAQINISO NGE

THE GLOW

- Cishe ingane eyodwa kwezingu 80 izoba nezimpawu ze "the Glow" ngaphambi kokuba neminyaka engu 9 yobudala.
- Zingaphezulu kuka 80 percent izehlakalo zezifo ze Retinoblastoma ne Coats' Disease eziqala zibonwe ngabazali noma amalungu omndeni ngosizo lwe "the Glow"
- Njengoba ingakhombisa izimo zokukhubazeka kweso noma izifo zamehlo ezingaphezulu kuka 30, i- "the Glow" ingaba luphawu lwe Amblyopia, i-Coats' Disease, i-Congenital Cataract, i-Refractive Error, i-Retinal Dysplasia, ne-Retinoblastoma, phakathi kwezinye

KNOW THE GLOW®

AMAQINISO NGO

B UMP UMPUTHE

- Endaweni ethile emhlabeni, kunengane ephenduka impumputhe njalo ngemizuzwana engu 60
- Zicishe zifike kuhhafu wesigidi izingane ezihlaselwa ubumpumputhe njalo ngonyaka
- Amazinga obumpumputhe azobe esephindaphindeke kathathu ngonyaka ka 2050, uma imizamo yokukunqanda loku ingaqiniswa
- Ubumpumputhe kucatshangwa ukuthi buzophindaphindeka kabili eUS ngo 2050
- U-80 percent wobumpumputhe bezingane buyagwemeka futhi buyelapheka
- U-75 percent wabantu abadala abayizimpumputhe base-US abaqashiwe
- Izindleko zobumpumputhe emhlabeni zibalelwa ku $3 Trillion
- Izindleko zobumpumputhe e-US zingaphezulu kuka $139 billion ngonyaka
- Emhlabeni jikelele, abantu abangaboni bangu 39 million
- Abantu abangu 285 million emhlabeni baphila nokukhubazeka okuthile kwamehlo

HLOLA IZITHOMBE, THATHA IZITHOMBE

Ezithombeni ezithathwe nge-flash, i"The Glow" ibonakala ilichashaza elimhlophe, eliluvindi noma eliphuzi kwi-pupil yeso, okungenzeka ukuthi luphawu lwesinye sezifo zamehlo ezevile ku 30.

Sicela abazali ukuthi:

1. **Bahlale beyiqaphele i "the Glow!"** ngokuhlola izithombe ezindala noma ngokuthatha izithombe ezintsha zengane yakho
2. **Hlola izithombe** zengane lapho ibheke khona ngqo kwikhamera, ngoba i "the Glow" ingabonakala kuphela ngakuloluhlangothi
3. **Cima lento yekhamera enciphisa ububomvu bamehlo,** ukuze ibonakale kahle i "the Glow"
4. **Hlala uqaphile,** uma uyibona kanye i "the Glow". THATHA IZINYATHELO uma usuyibona okwesibili esweni elilodwa
5. **Cela udokotela wamehlo - i 'optometrist' noma i'ophthalmologist'—** ukuthi awahlole ngokujulile amehlo, sekuhlangene ne 'red reflex test'
6. **Woza nezithombe zengane** ezikhombisa i "the Glow" esweni layo, lapho uyobonana nodokotela
7. **Sisize sisabalalise lomlayezo!** Ikakhulu kubazali bezingane ezincane!!!

Ngoba akukho ngane okufanele iphenduke impumputhe ngenxa yesifo esigwemekayo samehlo.

Ukuthola ulwazi oluthe xaxa nge "The Glow," ngena ku ***www.knowtheglow.org.***

Sources: 10 FACTS ABOUT BLINDNESS AND VISUAL IMPAIRMENT. http://www.salute.gov.it/imgs/C_17_pubblicazioni_1656_ulteriorialegati_ulteriorealegato_0_alleg.pdf. 10 little-known facts about blindness. (2015, September 24). https://www.perkins.org/stories/10-little-known-facts-about-blindness.April 2010 Issue. https://retinatoday.com/issues/2010-apr. Balmer, A., & Munier, F. (2007, December). Differential diagnosis of leukocoria and strabismus, first presenting signs of retinoblastoma. https://www.ncbi.nlm.nih.gov/pmc/articles/PMC2704541/. The Economic Burden of Vision Loss and Eye Disorders in the United States. https://www.norc.org/Research/Projects/Pages/the-economic-burden-of-vision-loss-and-eye-disorders-in-the-united-states.aspx. Global Blindness Projected to Triple by 2050. (2018, May 18). https://www.seeintl.org/global-blindness-2050/. Hollows, F. (2017, April 21). The five facts about childhood blindness you need to know. https://medium.com/@FredHollows/the-five-facts-about-childhood-blindness-you-need-to-know-eb8149eccee.Hollows, F. (2017, April 21). The five facts about childhood blindness you need to know. https://medium.com/@FredHollows/the-five-facts-about-childhood-blindness-you-need-to-know-eb8149eccee. Munson, M. C., Plewman, D. L., Baumer, K. M., Henning, R., Zahler, C. T., Kietzman, A. T., ... Shaw, B. F. (2019, October 2). Autonomous early detection of eye disease in childhood photographs. https://www.ncbi.nlm.nih.gov/pmc/articles/PMC6774731/. Myers, C. (2016, November 9). High Rate of Unemployment for the Blind. https://work.chron.com/high-rate-unemployment-blind-14312.html. Potential disease detection using photographs in childhood vision screenings. (2016, February 17). https://knowtheglow.org/research-efforts-focus-on-increased-glow-detection-through-vision-screening/. Visual impairment, blindness cases in U.S. expected to double by 2050. https://www.nei.nih.gov/about/news-and-events/news/visual-impairment-blindness-cases-us-expected-double-2050.